



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2013**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi angama-20.**

**IMIYALELO KWABAHOLWAYO**

Fundisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Leli phepha lineziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B:	Amanoveli	(25)
ISIQEPHU C:	Imidlalo	(25)

2. Funda uhlui lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.
3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlui lokuqukethwe ekhasini LESITHATHU ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.
4. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini A maziphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
5. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini B no C maziphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
6. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikeziwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.
7. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo eziisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
8. Uyelulekwa ukuba ubhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Shiya umugqa emuva kombuzo ngamunye.
11. Indlela yokusebenzisa isikhathi:  
  
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40  
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55  
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

**OKUQUKETHWE**

Phendula imibuzo **EMIHLANU** enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**AMAHLOKOHLOKO (EJ Mhlanga, JJ Thwala)**  
**IZINKWAZI ZOTHUKELA (LPM Makhanya)**

Kulezi zinkondlo ezine ezibuziwe, phendula noma ngabe yiziphi izinkondlo **EZIMBILI**.

Uphoqelekile ukuphendula inkondlo **ENGAMISELWE**. Phendula **UMBUZO 5** noma **UMBUZO 6**.

INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. Umshado Wanamuhla	Umbuzo omude	10	5
	<b>NOMA</b>		
2. Juba Lami	Umbuzo omfushane	10	6
	<b>NOMA</b>		
3. Noma Sekunje	Umbuzo omfushane	10	7
	<b>NOMA</b>		
4. Wawungazi	Umbuzo omfushane	10	8
	<b>KANYE</b>		

Nenkondlo engamiselwe: Phendula noma imuphi umbuzo **OWODWA**.

5. Akunani Mntakababa	Umbuzo omude	10	9
	<b>NOMA</b>		
6. Akunani Mntakababa	Umbuzo omfushane	10	10

**ISIQEPHU B: AMANOVELI**

Phendula umbuzo **OWODWA**.

7. Inovel 1 <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omude	25	11
	<b>NOMA</b>		
8. Inovel 1 <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omfushane	25	11
	<b>NOMA</b>		
9. Inovel 2 <i>Usumenyezelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omude	25	13
	<b>NOMA</b>		
10. Inovel 2 <i>Usumenyezelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omfushane	25	13
	<b>NOMA</b>		
11. Inovel 3 <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omude	25	15
	<b>NOMA</b>		
12. Inovel 3 <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omfushane	25	15

<b>ISIQEPHU C: IMIDLALO</b>			
<b>Phendula umbuzo OWODWA.</b>			
13. Umdlalo 1 <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omude	25	17
<b>NOMA</b>			
14. Umdlalo 1 <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omfushane	25	17
<b>NOMA</b>			
15. Umdlalo 2 <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omude	25	19
<b>NOMA</b>			
16. Umdlalo 2 <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omfushane	25	19

**QAPHELA:** Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nasesiqeshini C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.

### **IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO**

- |              |  |
|--------------|--|
| Umbuzo 1–4   | Khetha noma iziphi izinkondlo <b>EZIMBILI</b> .                              |
| Umbuzo 5–6   | Khetha <b>OWODWA</b> umbuzo.   |
| Umbuzo 7–12  | Khetha <b>OWODWA</b> umbuzo (omude noma omfushane) kuleyo noveli oyifundile. |
| Umbuzo 13–16 | Khetha <b>OWODWA</b> umbuzo (omude noma omfushane) kulowo mdlalo owufundile. |

**QAPHELA:** Esiqeshini B no C phendula umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE.

### **Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.**

Emva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa leli thebula elilandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhetha ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

<b>ISIQEPHU</b>	<b>INOMBOLO YEMIBUZO</b>	<b>INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE</b>	<b>THIKA</b>
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: Inkondlo (Engamiselwe)	5–6	1	
B: Inovelni (Omude NOMA Omfushane)	7–12	1	
C: Umdlalo (Omude NOMA Omfushane)	13–16	1	

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****Izinkondlo ezimiselwe:**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINA ebuziwe elandelayo.

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Umshado Wanamuhla – GC Zulu-Kabanyane**

- 1 Kungani indoda ingayi esibhakeleni?
- 2 Ngabhakelwa ngingenakuzivikela.
- 3 Hhe, yimi lo osemabobosi!
- 4 Hhe, yimi lo osenamahloni ngezwe!
- 5 Kazi kwakhala nyonini?
- 6 Ngaphenduka umdatshukelwa,
- 7 Ngabangela abanye usizi,
- 8 Ngabuzwa ukuthi ngihlaleleni,
- 9 Ibhodwe laqhubeka lingishisa,
- 10 Unembeza ushonephi?
- 11 Kazi sifundo sini lesi,
- 12 Engifundisa sona nsuku zonke?
- 13 Kanti ndlelani engiyikhoniswa nsuku zonke?
- 14 Kanti seluleko sini lesi engisinkwa ngendluzula?
- 15 Yini lo mshophi ongehlelayo?
- 16 Kwafika wena kwacasha izinyo?
- 17 Uma kuhlekwa, kuhlekwa wena.
- 18 Uma kuthulwe uyedelelwu.
- 19 Seziyimise emthumeni
- 20 Angisakwazi okulungile nokungalungile.
- 21 Yini ekujabulisayo ekuhlukumezeni?
- 22 Mqamelo ngiyakuzwela
- 23 Usuwaphenduka inkongozelo
- 24 Yamanzi anosawoti.
- 25 Ingab' ukuba uyakhuluma
- 26 Ubuyokhininda ziphi?
- 27 Impela okwami okwezandla!

Chaza ikhono lembongi ekusebenziseni kwayo imifanekisomqondo/izithombe-magama, ekugqamiseni umqondo wale nkondlo ethi: '**Umshado Wanamuhla**'. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe umqondo wenkondlo kuqala.
- Makuchazwe ukuthi imifanekisomqodo ilekelela kanjani ukugqamisa umqondo wale nkondlo.

[10]

**NOMA**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundiswa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Juba Lami – JJ Thwala**

- 1 Hlala entedeni yesami,  
 2 Ngikubukisise ngikudalise,  
 3 Inhlizayo yami iyokwenama,  
 4 Yenamiswe ubuhl' obungaphuphi  
 5 Obuyohlala njalo ingunaphakade,  
 6 Kuze kulamul' uNokufa.
- 7 Lapho undiza ezinkalweni,  
 8 Ungakhohlwa intende yekhethelo,  
 9 Owadalelwu ukuhlala kuyona,  
 10 Nayu yadalelwu wena,  
 11 Iyilokhu eyikhona ngawe,  
 12 Uyilokhu owuyikhona ngayo.
- 13 Lapho undiza ezigangeni  
 14 Ukhangwa ubukhwebezana namahlala,  
 15 Ukhangwa amakhiwane namathunduluka,  
 16 Ukhangwa ngamajikijolo namanumbela,  
 17 Ukhangwa ngamabhelebhele namaphozi,  
 18 Uz' ungangilibali juba lami.
- 19 Kimina uluphawu lwempilo,  
 20 Kimina uyisizinda somusa,  
 21 Kimina uyizimpande zothando,  
 22 Kimina uyisisekelo sobunye,  
 23 Kimina uluphawu lokukhanya-  
 24 Hla! entedeni yekhethelo!
- 25 Ndiza juba lami  
 26 Elingefaniswe nedlanga indlanyama,  
 27 Elingenakufaniswe nevukuthu indlamabele,  
 28 Elingefaniswe nomandukulu ivumakabili,  
 29 Elingefaniswe nesakabuli unontandakubukwa-  
 30 Uyisipho sami sakwamhlaba.
- 31 Jubalala juba lami  
 32 Ngizishay' isifuba ngawe,  
 33 Nom' ukwelojolobela emihlangeni,  
 34 Nom' ukwelofukwe emihosheni,  
 35 Nom' ukwelamajabantendele emaweni,  
 36 Ungowami namuhla nangomuso.

- 2.1 Yikuphi okujabulisa imbongi okutholakala esitanzeni soku-1? (1)
- 2.2 Chaza kafushane ukuthi ukukhethwa kwamagama adwetshelwe emgqeni wesi-8 kuwuthinta kanjani umoya walesi sitanza. (3)

- 2.3 Ngabe isimo sokukhuluma esisemqgeni we-18 sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho isitanza sesi-3? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.4 Ucabanga ukuthi imbongi iqondeni ngamazwi asemqgeni wama-35 ukuya kowama-36? (2)
- 2.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni ukuxhumana emqgeni wama-26 ukuya kowama-29. (2)
- [10]**

**NOMA****UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Noma Sekunje – LF Mathenjwa**

- 1 Ngibon' amakhand' ekhedamisile,  
 2 Ubuso bembethe usizi nokujabha,  
 3 Ukushabalala kwamathemba akubuzwa.  
 4 Imuva kalisabonwa,  
 5 Ikusasa liluvindi,  
 6 Kuzothiwan' uma kunje?  
  
 7 Amathemb' ayizolo ashabalele.  
 8 Izethembiso ziyagxotshwagxotshwa,  
 9 Isibindi simiswa ngelilodwa:  
 10 Qhubekani kuzolunga,  
 11 Umzabalazo awukapheli,  
 12 Silwela impilo engcono.  
  
 13 Njengobani olwa elambile?  
 14 Njengoban' odukuz' umnyama engaboni?  
 15 Likhethekile bala emasini,  
 16 Badansazile kwamakhelwane,  
 17 Basho ngelilodwa:  
 18 Qinan' isibindi sekuzolunga.  
  
 19 Ngabe ntombi usawakhumbula awakho?  
 20 Lon' usuku usalwazi na?  
 21 Kodwa ngingakulibala khona kanye?  
 22 Mhla sichwaza ngenhlokombo,  
 23 Inhliziy' ish' ukuphuma ngomlomo.  
 24 Phinde ngiziphila noma sekunje.

- 3.1 Yisho ukuthi yini le elwelwa yimbongi kanye nalaba ekhuluma ngabo ngokwale nkondlo. (1)
- 3.2 Chaza kafushane ukuthi ukukhethwa kwamagama adwetshelwe emqgeni woku-1, wesi-8 nowama-22 kuveza muphi umqondo ngokwale nkondlo. (3)

- 3.3 Chaza ngokusetshenziswa komfanekisomqondo osemgqeni we-16 ukuthi uhambisana kanjani nomoya wale nkondlo. (2)
- 3.4 Bheka umugqa wama-23, 'Inhliziy' ish' ukuphuma ngomlomo'. Ngabe lesi simo sokukhuluma esingenhla sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi sitanza? Sekela impendulo yakho. (2)
- 3.5 Ake uncome impumelelo yembongi ekusebenziseni umbuzombumbulu emgqeni we-19 ukuya kowama-21. (2)  
**[10]**

**NOMA****UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Wawungazi – BP Dlamini**

- 1 Yek' usazigqaja,  
2 Uhamba laph' uthanda khona.  
3 Utetemuk' uchiz' ukotshi.
- 4 Yek' ugqigqizel' ugqaggamuka,  
5 Uggamuka kuhle kwamalangabi,  
6 Uhambela phezel' uzithwele,  
7 Wadilika kuhle kobonda.
- 8 Baph' owawungumshungu nabo?  
9 Nibakhulu nakunoMdali,  
10 Ngab' ukhon' ongangaye?
- 11 Namuhla ulothil' uluphele,  
12 Uthithibel' okwenkukhu,  
13 Uyothile wayetha,  
14 Wathobel' umthetho.
- 15 Wawungaz' ukuthi koba nje,  
16 Namuhla usothalini,  
17 Ulothisiwe wathotshiswa.
- 18 Ufunde kanzima,  
19 Wafunda ngokubona,  
20 Yeka usaggagqamuka uzigqaja.

- 4.1 Chaza isimo sokukhuluma esiyisifaniso esisetshenziswe imbongi esitanzeni sesi-2 emgqeni wesi-5. (1)
- 4.2 Qhathanisa umehluko oqukethwe umqondo wesitanza soku-1 kanye nomqondo wesitanza sesi-4. Sekela impendulo yakho. (3)

- 4.3 Ngabe umfanekisomqondo otholakala emgqeni we-12 ukwelekelele kanjani ekuqondeni indikimba yale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.4 Ucabanga ukuthi okushiwu imbongi emgqeni we-16 nowe-17 kwaba namphumela muni kulo muntu imbongi ekhulumu naye kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.5 'Kukhona abantu okuthi uma izimo zibahambela kahle, bazikhukhumeze babukele abanye phansi bese kuthi uma umhlaba usubashayile bafise ukudatshukelwa.'
- Ngabe uyavumelana yini nalesi sitatimende esingenhla? Sekela impendulo yakho ubhekise enkondlweni. (2)
- [10]**

## KANYE

### UMBUZO 5 (UMBUZO OMUDE)

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO) Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo. Umbuzo wesi-5 (omude) noma umbuzo wesi-6 (omfushane).

Fundisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

#### Akunani Mntakababa – JJ Thwala

- 1 Namuhla usinga mina,
- 2 Ubon' isiphicaphicwano uqobo,
- 3 Ubon' umdlalo kakholo,
- 4 Ubon' ukhoz' oluhambayo,
- 5 Ubon' unoxhongo uqobo,
- 6 Ubon' umshishilizo uqobo-
- 7 Akunani mntakababa.
  
- 8 Kusasa uzongisinga ungisingisise,
- 9 Ngikukhweb' ukude le,
- 10 Ngikwabel' ezijoli nezijolikazi,
- 11 Ngikwabel' ezinzima nezinzipakazi,
- 12 Ngikwabel' ezinkwazi nezinkwazikazi,
- 13 Ngikwabel' ezinsansa nezinsansakazi,
- 14 Akunani mntakababa.
  
- 15 Ngomuso siyokhomba ngophakathi,
- 16 Sikhohlw' okwayizolo nokwazo,
- 17 Sikhohlw' okwanamuhla nokwako,
- 18 Sikkumbul' okwakusasa okunekusasa,
- 19 Sikkumbul' okwangomuso okunengomuso,
- 20 Sikkumbul' ubunye nenqubekela phambili-
- 21 Phambili mntakababa! Phambili!

22 Obabamkhulu bayiphakil' endulo,  
 23 Yalw'ubusika nehlobo,  
 24 Behlome ngamaklwa nezijula,  
 25 Behlome ngezipapha nezingcula,  
 26 Behlome ngezinhlendla nezinkemba;  
 27 Bebekene ngeziyu zamehlo-  
 28 Asibuke phambili mntakababa.  
 29 Thin' asiyiphake namuhla,  
 30 Itholane phezulu namuhla,  
 31 Kub' ongaphansi naphezulu,  
 32 Siyihlomise ngezikhali zengqondo,  
 33 Siyivikise ngamahawu engqondo,  
 34 Siyowudl' umhlanganiso mntakababa,  
 35 Sithwal' iminyezane yakwaNgqondonkulu!

Chaza ukuthi izakhiwo zemigqa nezitanza zisiza kanjani ekuggamiseni umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe umqondo wenkondlo.
- Makuchazwe ukuthi ukuhleleka kwemigqa nezitanza kusize kanjani ekuggamiseni umqondo wenkondlo.

[10]

## NOMA

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMFUSHANE)

#### Akunani Mntakababa – JJ Thwala

Phinda ufundisise inkondlo esembuzweni wesi-5 ngenhla, 'Akunani Mntakababa', bese uphendula imibuzo elandelayo.

- 6.1 Yikuphi okungajwayelekile okwenziwa ukhozi okutholakala estanzeni sokuqala? (1)
- 6.2 Qhathanisa umehluko womoya wenkondlo oqukethwe isitanza soku-1 kanye nesitanza sesi-3. (3)
- 6.3 Ucabanga ukuthi ukukhethwa kwamagama adwetselwe emgqeni wama-32 kukwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho isitanza sokugcina? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.4 Ngabe isimo sokukhuluma esiqukethwe umugqa wesi-8, 'kusasa uzongisinga ungisingisise', sikusize kanjani ekuqondeni kwakho isitanza sesi-2? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.5 Ngokucabanga kwakho ngabe okushiwu yimbongi kwamukelekile yini uma ithi kumele kuliwe ngemfundo kunokuba kuliwe ngezikhali? Sekela impendulo yakho. (2)

[10]

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: AMANOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMUDE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya**

Hlaziya ngekhono lombhali ekuvezeni laba balingiswa abalandelayo kule noveli ethi: **Bengithi Lizokuna**. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama–390.

- (a) uMhlensi
- (b) uNgidi
- (c) uNontobeko

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo.
- Izimpendulo azibhekiswe kulaba balingiswa onikezwe bona.

[25]

**NOMA****UMBUZO 8 (UMBUZO OMFUSHANE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya**

Fundisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Laseliyothambama manje ilanga lasehlobo. Nezisebenzi zasemapulazini amaningi kule ndawo zase zilokhu zibonakala emigwaqeni zetshethe amageja, ocelemba nokunye okwehlukahlukene, kuye ngokuthi kusetshenzwa kuphi. Wayebabuka laba bantu uNdumiso ngenkathi ebadlula egudla amasimu kabbanana, nawomoba eqhubeka njalo eze eyobheka ngasepulazini likaNgidi ayelibone kahle ekuseni. Wathi uma eseyofika ngakhona wachezukela esitolo esasilapha, wangena kuso, wapaka egcekeni. Kwakugcwele kuvulande, kwande abantu ababebukeka njengezisebenzi zakhona lapha emapulazini, bemise amagumfa ejuba phambi kwabo, bekhonyana nabambalwa ababemise amabhodlela kabhiya. Okwakwande kakhlulu yiwo umsindo wokuxokozela, sekukhona nasebevukwe wubugagu emva kokushaya, sebecula impela nje, sebeshaya ingoma, bedansa, beghumisa uhleko.

Wangena-ke naye lapha esitolo, wafika wabiza ubhiya *iCarling Black Label* ayebone iphuzwa yiningi lapha, engayifuni into ezomenza agqame ngokwehluka eningini. Waphuma nawo ubhiya wakhe, esekhokhele nengilazi eyayiphuma ngediphozithi yemali lapha, wayohlala kuvulande ebhentshini okwakuhleli kulo insizwa eyambona esondela qede yamatheka, kwabingeleta kuqala amazinyo ayo ayenombala ophuzi, emade elunguze ngaphandle komlomo owawunodebe lwangezansi olude, lubomvu, lukutshela ungabuzanga nhlobo ukuthi umniniilo uyaphuza yini.

'Siyabonana ntanga yamashinga,' kubingeleta insizwa yezingovolo imqhelukela ebhentshini uNdumiso. Wayiphuthuma ngokuyixhawula insizwa lena, hhawu, bahlala baxoxa.

'Ngingumfo kaNhlumayo mina, khona lapha endaweni. Ekhaya kulaphayana ngaphesheya uma udlula ngasezitolo kwaZithokozise,' isho ikhomba qede imbuka, kucaca nje ukuthi isilindele ukuthi azisho naye.

'Mina nginguThabani Mzimela,' esho igama elifike kuqala engqondweni kwazise ubengawulindele neze lo mbuzo.

'Kasandile kule ndawo isibongo sakwaMzimela,' iphinde imbuka futhi sengathi ithi akaqhubeke nokuzichaza.

'Kangiyena ovalapha. Empeleni ngize ngomsebenzi kule ndawo, umsebenzi esize ngawo nabelungu engihamba nabo uzosihlalisa izinsukwana ngapha,' ethatha ingilazi, eqhabula qede eyibuka insizwa emamatheka kancane, 'manje eyi, sengikhathelie ukuhlala nabo. Okwakobani ukuveteza isilungu nsuku zonke?' esho enikina ikhanda, enxapha eyibukusisa le nsizwa.

'Lisho uliphinde lelo bafo,' kusho le nsizwa okwakungacaci noma iyasazi yini isiNgisi leso eyayibalisa ngobunzima bokusiveteza nsuku zonke.

'Nangale kwalokho, kuyakhumbuleka nje ukuzihlalela nabantu bakini, ubezwe bexokozela, becula, bexabana, bencokola njengoba kwenzeka lapha njena,' ehleka kancane ehambisa amehlo negceke okuthe wathalala kulo abantu abaphuzayo, eminya engilazini yakhe.

- 8.1 Shono ukuthi wayekuphi uNdumiso ngenkathi ebona izisebenzi zasemapulazini ezazitshethet amageja ngokwalesi siqeshana. (2)
- 8.2 Yikuphi okwakukhombisa ukuthi le nsizwa yezingovolo eyayixoxa nomlingiswa onguNdumiso yayingawagezi amazinyo futhi yayiphuza utshwala kakhulu ngokwalesi siqeshana? (2)
- 8.3 Chaza kafushane imbangela eyenza ukuba umlingiswa onguNdumiso athenge ubhiya *iCarling Black Label*. (3)
- 8.4 Qhathanisa umehluko wamasu assetshenziswa ngumlingiswa onguNdumiso ukuze athole kabanzi ngoNgidi ngenkathi exoxa nomngani wakhe uSbu kanye nobuhlakani abusebenzisa ngenkathi exoxa nensizwa yezingovolo. (3)
- 8.5 Ngabe isenzo somlingiswa onguNdumiso sokuzibiza ngokuthi unguThabani Mzimela kulesi siqeshana simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 8.6 Ngokucabanga kwakho uNgidi wamamukela yini uMhlensi emva kokuthola ukuthi useziguqule ubulili ngokuphelele? Sekela impendulo yakho. (3)
- 8.7 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe kulesi siqeshana sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho isimo senhlalo kanye nokuphumelisa isu likaNdumiso. (4)
- 8.8 Uyavumelana yini nalawa mazwi kaNdumiso athi: 'Mh, uthando bakithi! Umuntu lumenzisa izinto ayesefungile ukuthi usehlukene nazo.'? Sekela impendulo yakho ubhekise kule noveli. (2)

- 8.9 Ake uveze imizwa yakho ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ingwijikhwebu esakhwaneni esithinta ukuthandana kukaNkululeko kanye noNontobeko.

(3)  
[25]**NOMA****UMBUZO 9 (UMBUZO OMUDE)****USUMENEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Hlaziya ngekhono lombhali ekuvezeni laba balingiswa abalandelayo kule noveli ethi: **Usumenyezelwe-ke Umcebo**. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama–390.

- (a) uGenyeza
- (b) uNomvula
- (c) uMaHadebe

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo.
- Izimpendulo azibhekiswe kulaba balingiswa onikezwe bona.

[25]

**NOMA****UMBUZO 10 (UMBUZO OMFUSHANE)****USUMENEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisa lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMeyili wayevuka ekuseni ahiale ingqayika alibangise edolobheni emsebenzini. Wayeqashwe wuLoliwe, behamba ekuseni ngesitimela esasaziwa ngelikaMabhalimane noma uPosana, balibangise eMtshezi, baze babuye ntambama. Kulesi sitimela esasidonswa ngencane inhloko yentuthu, sibophela amathilogo amanigi nezingola ezimbili vo zabagibeli, umsebenzi woMazibuko noGamede kwakuwukulayisha nokudiliza amakan obisi, neposi eziteshaneni eziningana imvamisa ezazisemapulazini. Namaphephandaba sasiwalayisha, kubo egcina ngokwedlula ezandleni, hhayi emehlwani. Nephephendaba llanga nezikaMirriam ezazikhinindwa lafinyelela ngaso lesi sitimela eMangweni, lilayishwa uye uMazibuko le ndaba nakalokho owayengakayizwa. Kwaze kwathi ngokwanda kwamahlaya, ikakhulukazi ngokubhaxabulwa kukaDokotela Mbombayi Ndambula, wayizwa indaba kunikezelwana ngayo khona esitimeleni.

'Kodwa Mazibuko umntwana nambukela nje edlala amahumusha eTheku?' ebuzwa yindoda esiqinile, uDladla owayehlezi emhhohhombeni wenqola, eqhekeze Iona iphephandaba ayelifunda ahleke yedwa.

'Ubani lowo ongaziyo?' ethuka uMeyili owayesakhiphe ikhanda ngefasitela elindele ukuzwa ngogadi ukuthi kwakungekho yini okwakufanele akwethule noma akulayishe lapha esiteshini eRosedale. Kwakungekho. Wahlala, amehlo ahangana nawendoda empofu, imadevu, ishaye isudi eluhlaza cwe nezicathulo ezibhondo. 'Hhawu, kanti uwena Shayinduku?'

'Yimi impela wethu.'

'Ubekwa yini lapha?' UMeyili owayeshaye i-avaloli ensundu namabhuzu amnyama wamamatheka ngobuso obude bumihlathi eqinile, namadevu azintshwilela. Welula isandla babambana ithambo noDladla ayembuka ngabomvu amehlo ayesahlala exhoshwa ngamalahle esitimela.

'Ngivela khona lena ezansi Meyili. Ngithe ake ngithathe izinsukwana ngizobona abantwana.' Welula ingalo enobucwebecwebe bamakhafulingi, nezipilingi ezibamba imikhono yehembe, wabuka iwashi. Babuzana impilo, baba ngabaphilayo.

- 10.1 Shono amagama AMABILI esitimela esasihamba uMeyili ngokomsebenzi. (2)
  - 10.2 Ngabe umlingiswa onguMeyili wayesebenza kuphi futhi enza msebenzi muni ngokwalesi siqeshana? (2)
  - 10.3 Chaza kafushane ngesimo senhlalo ubhekise kulesi siqeshana. (3)
  - 10.4 Qhathanisa isu umbhali alisebenzisile ukuveza umlingiswa onguMeyili kanye nomlingiswa onguDladla kulesi siqeshana. (3)
  - 10.5 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini ukuthi umlingiswa onguDladla axoxe ngendaba kaNomvula esitimeleni? Sekela impendulo yakho. (3)
  - 10.6 Ucabanga ukuthi kwakuyini inhoso yomlingiswa onguSikiti yokutshela uNomvula ukuthi akasakaze imali ewuhlweza emgwaqweni? (3)
  - 10.7 Ngabe isimo sokukhuluma esidwetshelwe sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (4)
  - 10.8 Ngabe IQINISO noma AKULONA IQINISO ukuthi abanye abantu imali ayiguquli indlela abaziphatha ngayo? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kule noveli. (2)
  - 10.9 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ingwijikhwebu esakhiwaneni saseMangweni sendaba kaMaHadebe yokuzama ukubulala uNomvula. (3)
- [25]

## NOMA

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMUDE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Hlaziya ngekhono lombhali ekuvezeni laba balingiswa abalandelayo kule noveli ethi: **Kunjalo-ke**. Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama–390.

- (a) uDumazile
- (b) uSithole
- (c) uMoloi

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo.
- Izimpendulo azibhekiswe kulaba balingiswa onikezwe bona.

[25]

**NOMA****UMBUZO 12 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Fundisa lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Ngithi umuntu okuthiwa uyabona usuke ekhuluma into acabanga ukuthi uayibona. Okuyikhona akubonayo ngempela akukhona lokho akushoyo.'

'Kodwa Iona engangiyi kuyena usebenzisa abalozi. Bonke abantu bayasho ukuthi abalozi abashayi phansi. Ungidonse ngendlebe-ke wathi uma ngisayithanda le ngane yami, kufanele ngishaye isixaxa kule ndawo. Ngisayithanda-ke bandla le ngane yami. Kufanele ngishaye isixaxa ngempela kule ndawo. Kuhle ngiyishiye nabanikazi bayo; ngiyishiye kusekuhle nje. Wena uma ufunu ukusala, angikwenqabeli uzosala. Kodwa mina nengane yami, cha bandla siyahamba.' UMtalaselwa wabona ukuthi kubi, imanzi yakhe ifuna ukuhamba ngempela manje. Wehlisa umoya, wavuma engavumi. Baze balala phakathi kobusuku.

UMtalaselwa wavuka ekuseni waya endlini enkulu yakwabo. Wabafica abazali bakhe sebevukile nabo, sebezhialele nje. Wabe eseyilanda-ke indaba:

'Njengoba baba bewunginike yonke leya ndawo ukuba ngakhe kuyona, sengathi akusezokubanjalo. UMaKheswa ubona ngenye indlela.'

'Ngamanye amagama ndodana usho ukuthi awusezokwakha kule ndawo engikunikeze yona?'

'Yebo baba!'

'Ewu, asazi-ke ndodana ngoba nonyoko ubekhala ngokuthi usekhathele wukujonqwa ngumkakho sengathi babanga indoda. Manje niyokwenzenjani uma nifika lapha?'

'Usho ukwenzanjani okunjani baba?'

'Ngisho ndodana ukuthi niyoquba kuphi uma nivakashile ninomakoti njengoba izindlu zonke kungezami nonyoko nje?'

'Sengathi baba ngeke kusaba khona ukuvakasha.' Kubethuse lokho.

'Hamba juba bayokuqhutha phambili! Ngithi hamba juba!' kusho unina ngomoya obuhlungu.

'E, ndodana nguye umakoti obona kanjalo?'

- 12.1 Sizathu sini esenza ukuthi uDumazile akholwe okushiwo yisangoma ngokwalesi siqeshana? (2)
  - 12.2 Shono imbangela eyenza umlingiswa onguMtalaselwa ehlise umoya ngenkathi ekhulumu nonkosikazi wakhe kulesi siqeshana. (2)
  - 12.3 Chaza kafushane ngesimo senhlalo ubhekise kulesi siqeshana. (3)
  - 12.4 Qhathanisa umehluko wezinkolelo zabalingiswa abangoMtalaselwa noDumazile mayelana nabantu ababonayo ngokwalesi siqeshana. (3)
  - 12.5 Ngokucabanga kwakho kwakuyoba namphumela muni ukuba umlingiswa onguMtalaselwa wavuma ukwakha umuzi eduze kwakubo? Sekela impendulo yakho. (3)
  - 12.6 Ucabanga ukuthi kwakuyini inhoso yombhali ekusebenziseni umlingiswa onguMthovovo kule noveli? Sekela impendulo yakho. (3)
  - 12.7 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe kulesi siqeshana sikwelekelela kanjani ekuqondeni kwakho okwenzeka kuMtalaselwa kule noveli. Sekela impendulo yakho. (4)
  - 12.8 Ngabe IQINISO noma UMBONO lokhu okushiwo nguDumazile ukuthi, 'Bathi kunezilwane eziyengamayo ingane yami'? Sekela impendulo yakho. (2)
  - 12.9 Phawula ngekhono lombhali ekuphetheni le noveli. (3)
- [25]**

**AMAMAKI ESIQEPU B:** **25**

**ISIQEPHU C: IMIDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMUDE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Hlaziya isakhiwo salo mdlalo othi: ***Kudela Owaziyo***. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe isingeniso somdlalo.
- Makuchazwe umzimba.
- Makuchazwe isiphetho.
- Makusekelwe ibanga nebanga lesakhiwo ngokwenzeka endabeni.

[25]

**NOMA****UMBUZO 14 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**CHIVENGA:** (*usahlinile usalokhu ebambe isandla usikhuluma ubukwerekwere isiZulu*) Angazi noma kufanele kengiyohlola yini kwabababonayo nabanananga ukuthi ingempela layo le nto isho ukuthini kanye nokuthi ngiyithole kanjani. Mhlawumbe kusengenzeka nje ukuthi ngiyithole ngokubekelwa umuntu mumbe esengike ngaxhawulana naye uma kungeyisona isitshopo.

**MBHEBHEZELI:** Khona ngempela sikhathazekile sonke thina malungu omphakathi ngokubambeka kwakho Chivenga mfowethu njengalokhu usezinhlungwini nje kwazise ubambe elikhulu iqhaza leli wena ekuyidwebeni uyibeke ezingeni elingcono nelithe thuthu indawo yangakithi ebalazweni ngenxa yekhono lakho elibabazekayo nelincomekayo, ngakho-ke asisoze sakulahla thina mphakathi kodwa kunalokho siyobe silokhu siwa sivuka kanye nawe ebuhleni nasezimpicothini eziyisitsha somuntu olungile njengawe nje nozaziyo ukuthi uzimisele ngani empilweni.

**CHIVENGA:** (*usikhuluma ubukwerekwere isiZulu*) Waze wangiqinisa idolo Mdluli ngala mazwi akho.

**MBHEBHEZELI:** Uyazi ukuthini? Angikafuni ukugonyuluka amaqiniso okwamanje maqondana nembangela yokuxineka kwakho kanye nokuthi ungelapheka kanjani, ngenxa yokuthi ngiyobe ngikucindezela nezinhlungu kakhulu ngokwenzenjalo kanye nokuggilazeka ngenxa yemicabango, kodwa lilonke nje yizinto zabantu lezi. Wena ubekelwe ngumuntu onomona engingakazukukutshela okwamanje ukuthi ungubani anduba udedelwe lapha esibhedlela. Ekudedelweni kwakho-ke kumele ubonane nami ngokushesha ukuze ngilihlanze lonke iqiniso okomuntu efa ukuthi kusukaphi, kuyaphi, kubangwa yini, kanjani?

- 14.1 UChivenga ucabanga ukuthi usithole kanjani lesi sifo esimphethe? (2)
  - 14.2 Yikuphi okwashiwo nguMbhebhezeli ayemisa ngakho uChivenga idolo ngenkathi eseziinhlungwini? (2)
  - 14.3 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu oluphakathi kukaMdaluli noChivenga kulo mdlalo. (3)
  - 14.4 Qhathanisa ukwenza komlingiswa onguMbhebhezeli uma enoChivenga kanye nokwenza kwakhe uma enoMdaluli. (3)
  - 14.5 Ucabanga ukuthi isenzo somlingiswa onguMdaluli sokuthakatha umlingiswa onguChivenga sasingaba namphumela muni ukuba akayanga esibhedlela? Sekela impendulo yakho. (3)
  - 14.6 Ngabe iyini inhloso yombhali yokusethulela ingxabano phakathi komlingiswa onguMdaluli ongumsinsi wokuzimilela kuleli kanye noChivenga ongowokufika kuleli? (3)
  - 14.7 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (4)
  - 14.8 Uyavumelana yini nesenzo somlingiswa onguManqina sokukhuza uMdaluli ngenkathi eshayu uMaMlanduli kanye noLondiwe? Sekela impendulo yakho ubhekise kulo mdlalo. (2)
  - 14.9 Phawula ngempumelelo yombhali yokusebenzisa isu lokubikezela esingenisweni salo mdlalo. (3)
- [25]

## NOMA

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMUDE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Hlaziya isakhiwo salo mdlalo othi: ***Awuwelwa Umngeni.*** Impendulo yakho maybe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe isingeniso somdlalo.
- Makuchazwe umzimba.
- Makuchazwe isiphetho.
- Makusekelwe ibanga nebanga lesakhiwo ngokwenzeka endabeni.

[25]

**NOMA****UMBUZO 16 (UMBUZO OMFUSHANE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

NOMEHLO:	Zikude Sali ... ( <i>Uyasina. Ukhomba ngaphesheya koMngeni.</i> )
AMABUTHO:	Zisesa ... ( <i>Akhomba lapho kusithele ngakhona abakaMgqabula.</i> )
AMABUTHO:	Zisesa ... ( <i>Enza njengoNomehlo.</i> ) ( <i>Kungazelelwwe amabutho ezibusela kwamane kwathi nje memfu onongqayi bawakaka.</i> )
ONONGQAYI:	( <i>Bayawakaka bawakhomba ngezinganono.</i> )
AMABUTHO:	( <i>Ayanyamfaza ethukile. Asethule.</i> )
NOMEHLO:	( <i>Uphakamisa isandla ukhuza onongqayi.</i> )
ONONGQAYI:	( <i>Abanye bemi belokhu bewakhombe ngezithunyisa amabutho. Abanye bakhumula ozonkosi babagaxa amanye amabutho. Omunye unongqayi uwugaxa kuNomehlo.</i> )
AMABUTHO:	( <i>Ayamthelekela lona olinga ukugaxa uNomehlo ozankosi.</i> )
ONONGQAYI:	( <i>Baphuthuma nezithunyisa kula mabutho asevuke indlobane athi akaqede laba abalinga ukushayisa uNomehlo inkositini. Bawakhomba ngazo izinganono. Bagcina ngokuyeka ukugaxa uNomehlo amasongo. Bayamqhuba bayosithela naye ngalapho bemise khona izimoto.</i> )
IZINTOMBI:	( <i>Zishaqekile ziyizikhomololo. Zimi izixukwana ziyakhulum, zikhulumela phansi. Zishaya izandla. Ezinye sezigijime zayowubika emakhaya lo mhola. Ezinye seziphangise zayovusa uMcondo zabikela noSikhova obengakalali.</i> )

ONONGQAYI:	<i>(Bayawakaka, bayaqhuba amabutho babheka nawo lapho abanye onongqayi bebhekise ngakhona uNomehlo.)</i>
SIKHOVA:	<i>(Uyamemeza. Umemeza onongqayi.) Hheyi! Hhayi bo nina! Nibenzani abantu beNkosi na? (uyabalandela.)</i>
MCONDO:	<i>(uqhamuka unqwamana noSikhova.) Kwenzekani mntakaManyosi?</i>
SIKHOVA:	Siyazi yini Mcondo? Nami ngibikelwa yizingane nje, nakhu sengifunyanisa onongqayi laba sebekhombe amabutho enkosi lawa ngezithunyisa ekade ezenamele ezisinela abagqubisa <u>okwezinomo</u> . Kungabe ababophelani abantu bakaSalimani?
MCONDO } SIKHOVA }	<i>(Bayabalandela onongqayi bayamemeza.)</i>

- 16.1 Shono OKUBILI okwakukhombisa ukuthi uNomehlo nguyenya owayengumholi wamabutho ngenkathi kusinwa ngokwalesi siqeshana. (2)
- 16.2 Yisho iqhaza elibalulekile elabanjwa yizintombi kulesi siqeshana. (2)
- 16.3 Chaza kafushane ngesusa sodweshu oluphakathi konongqayi namabutho enkosi uSalimani kulesi siqeshana. (3)
- 16.4 Qhathanisa umehluko wezenzo zonongqayi kanye nezenzo zamabutho ngenkathi kuzoboshwa uNomehlo. (3)
- 16.5 Ngokucabanga kwakho isenzo sonongqayi sokubopha uNomehlo namabutho, sasingaba namphumela muni? Sekela impendulo yakho. (3)
- 16.6 Ngabe kwakuyini inhloso yabelungu yokuhlomisa onongqayi abangabantu abamnyama ngezinganono ukuba bayohlasela amabutho enkosi uSalimani? (3)
- 16.7 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (4)
- 16.8 Uyavumelana yini nesenzo samabutho enkosi uSalimani sokuvuka indlobane ngenkathi ononqqayi bebopha uNomehlo? Sekela impendulo yakho uyibhekise kulo mdlalo. (2)
- 16.9 Phawula ngempumelelo yombhali ekungeniseni lo mdlalo. (3)

**AMAMAKI ESIQEPU C:** 25  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 80